I-ADVANTAGE MOTOR PROTECTOR PROPRIETARY LIMITED T/A AA WARRANTIES

Inombolo Yokubhaliswa 2001/003085/07

INGXENYE 51 YENCWADI YEZIYALEZO

ehlanganiswe ngokwengxenye 51

YoMthetho Wokuqokomisa Ukutholakala Kolwazi, Ongunombolo 2 Ka-2000

(“uMthetho”)

UHLU LOKUQUKETHWE

		Inombolo yekhasi
1.	Isethulo	3
2.	Imininingwane yokuxhumana	3
3.	Ulwazi nemiyalo ngokuvumelana noMthetho	3
4.	Imithetho ebandakanyekayo	4
5.	Izihloko nezinhlu zamarekhodi	5
6.	Ifomu lokucela ulwazi	6
7.	Izimali ezikhokhwayo	7

1. **ISETHULO**

I-Advantage Motor Protector Proprietary Limited esebenza ngaphansi kwegama elithi AA Warranties ("AA Warranties") ingumhlinzeki ogunyaziwe wezinkonzo zezimali (FSP No: 45942) osekwe yi-Lombard Insurance Company Limited ("Lombard"), ukuhlinzeka ngamawaranti okulimala kwezimoto nangamanye amaprodakthi ahlobene nalokho emakethe yezimoto. I-AA Warranties ilawula amawaranti ezimoto angaphezu kuka-20,000, kusuka ekuthengisweni kwezimoto, ekubhalisweni kwamapholisi, ekusingathweni kwezicelo zezinxephezelo kuya ekucutshungulweni kwezicelo zezinxephezelo.

2. **IMININGWANE YOKUXHUMANA**

Imininingwane yokuxhumana elandelayo ingasetshenziselwa ukuthola ulwazi ngokuvumelana noMthetho kanye/noma ngaleli bhukwana leziyalezo:

Umphathi WeHhovisi / CEO:	Mnu David Chard
Ikheli Leposi:	PO Box 2184 Florida Hills 1716
Ikheli Lomgwaqo:	AMA Africa House, The Braes 193 Bryanston Drive Bryanston 2191
Inombolo yocingo:	0860 267 267
Inombolo yefeksi:	086 623 0066
Ikheli le-imeyli:	davidc@aawarranties.co.za

3. **ULWAZI NEMIYALO NGOKUVUMELANA NOMTHETHO**

3.1. UMthetho uvumela lowo ofaka isicelo ukuba athole amarekhodi angasese, uma lelo rekhodi lidingeka ukuze kusetshenziswe noma kuvikelwe amalungelo athile. Uma kuyinhlangano yomphakathi efaka isicelo, kumelwe kube ukuthi lokho ikwenzela ukuzuzisa umphakathi.

3.2. NgokoMthetho, izicelo kumele zenziwe ngokuvumelana nenqubo emisiwe, kukhokhwe nezimali ezishiwo. Amafomu nezimali ezikhokhwayo kudingidwa ezigabeni 6 no-7 zoMthetho.

3.3. Abantu abafaka izicelo bakhonjwa eBhukwini Lemiyalo (Guide) ngokuvumelana neNgxenye 10 yoMthetho ehlanganiswe yiKhomishani Yamalungelo Esintu ENingizimu Afrika ("iKhomishani"), ezobe iqukethe ulwazi mayelana naMalungelo aseMthethwenisisekelo. IBhuku Lemiyalo litholakala kwiKhomishani.

3.4. Nayi ngezansi imininingwane yokuxhumana neKhomishani:

Ikheli Leposi:	Private Bag 2700, Houghton, 2041
Inombolo yocingo:	+27 11 877 3600
Inombolo Yefeksi:	+27 11 403 0625
Iwebusaythi:	www.sahrc.org.za

4. IMITHETHO EBANDAKANYEKAYO

Le mithetho elandelayo yiyo esebenza kwi-AA Warranties futhi ulwazi lukhishwa ngokuvemalana nale mithetho:

- Basic Conditions of Employment Act No. 75 of 1997
- Broad Based Black Economic Empowerment Act No. 53 of 2003
- Close Corporations Act No. 69 of 1984
- Companies Act No. 71 of 2008
- Compensation for Occupational Injuries And Health Diseases Act No. 130 of 1993
- Consumer Protection Act No. 68 of 2008
- Copyright Act No. 98 of 1978
- Electronic Communications and Transmissions Act No. 25 of 2002
- Employment Equity Act No. 55 of 1998
- Financial Advisory and Intermediary Services Act No. 37 of 2002
- Financial Intelligence Centre Act No.38 of 2001
- Income Tax Act No. 58 of 1962
- Insolvency Act No. 24 of 1936
- Intellectual Property Laws Amendments Act No. 38 of 1997
- Labour Relations Act No. 66 of 1995
- National Credit Act No. 34 of 2005
- Occupational Health and Safety Act No. 85 of 1993
- Pension Funds Act No. 24 of 1956
- Promotion of Access to Information Act No. 2 of 2000

- Regulation of Interception of Communications and Provision of Communication Related Information Act No 70 of 2002 (as amended)
- Short Term Insurance Act No. 53 of 1998
- Skills Development Levies Act No. 9 of 1999
- Skills Development Act No. 97 of 1998
- Trade Marks Act No. 194 of 1993
- Unemployment Insurance Contributions Act No. 4 of 2002
- Unemployment Insurance Act No. 63 of 2001
- Value Added Tax Act no 89 of 1991

5. IZIHLOKO NEZINHLU ZAMAREKHODI

Ukuze sisheshe isicelo sokuthola amarekhodi e-AA Warranties, amarekhodi ahlelwe ngokwezihloko nezinhlu ngale ndlela engezansi:

5.1. Amarekhodi Omthetho Wezinkampani

- Ibhuku lemithetho yenkampani
- Amaminithi Emihlangano YeBhodi Labaqondisi
- Amarekhodi aphathelene nokuqokwa kwabaqondisi / abahloli-mabhuku / umabhalane/ isikhulu somphakathi kanye nezinye izikhulu
- IRejista YamaSheya kanye namanye amarejista ezinto zomthetho

5.2. Amarekhodi Ezimali

- Izitatimende Zezimali Zaminyaka Yonke
- Izimali Zentela
- Amarekhodi Okuphathwa Kwezimali
- Izitatimende Zasebhange
- IRejista Yama-asethi
- Izivumelwano Zokuqashiselana
- Ama-invoice

5.3. Intela Yomholo Namanye Amarekhodi Entela

- Amarekhodi e-PAYE
- Amadokhumenti entela yomholo anikwa izisebenzi
- Amarekhodi ezimali ezikhokhelelwe izisebenzi kwa-SARS
- Amarekhodi e-VAT

- Amarekhodi eZimali Zokukhokhela Amasevisi Endawo
- Amarekhodi eZindleko Zokuthuthukiswa Kwamakhono
- Amarekhodi e-UIF

5.4. **Amarekhodi Ezinto Zobuchwepheshe**

- Amalayisensi ezinto zamakhompyutha
- Olayini bezingcingo, olayini amaqashiwe nolayini bedatha

5.5. **Amarekhodi Ezisebenzi**

- Amarekhodi Ezinxephezelo Zabasebenzi
- Izivumelwano zokusebenza
- IPulani Lamanani Ezisebenzi kanye nemibiko
- Amarekhodi e-Medical Aid
- Amarekhodi eSikhwama Sempesheni
- Amarekhodi okuqondiswa kwezigwegwe
- Amarekhodi emiholo
- Amarekhodi e-SETA
- Izinqubomgomo nezinkambiso zenkampani
- Amarekhodi elivu
- Amarekhodi okuqeqeshwa

5.6. **Amarekhodi Aphathelene Namaklayenti**

- Amarekhodi aqukethe imininingwane yamaklayenti e-AA Warranties, kungakhathaliseki awabantu noma awezinkampani, athola isevisi ye-AA Warranties, imininingwane iklayenti eyinike i-AA Warranties noma leyo eyenziwe yi-AA Warranties iyenzela iklayenti.

5.7. **Amarekhozi Ezindaba Zomthetho**

- IZivumelwano Zezomthetho ezihlanganisa izivumelwano nalabo okuthengwa kubo, izivumelwano zokuqashiselana, izivumelwano zamazinga amasevisi, nezivumelwano zamalayisensi.

6. **IFOMU LOKUCELA ULWAZI**

6.1. Ocelayo akamane nje anikwe irekhodi lalokho akucelayo. Isicelo ngasinye siyocutshungulwa ngokwezimo zaso.

6.2. Ukuze isicelo sisingathwe, ocelayo kufanele:

6.2.1. Asebenzise ifomu lakhona, elitholakala kwiwebhusaythi yeKhomishani Yamalungelo Esintu ENingizimu Afrika ku-www.sahrc.org.za, elibizwa ngokuthi i-Fomu C (ikhophi yalo ifakiwe lapha ukuze ukwazi ukulibheka).

6.2.2. Isicelo asiyise ku-CEO Ye-AA Warranties.

6.2.3. Achaze ngokwanele esicelweni ukuze i-AA Warranties ikwazi ukuthola:

- Amarekhodi aceliwe;
- Uhlobo olufuneka ngalo;
- Ikheli leposi noma inombolo yefeksi yocelayo (okufanele kube eyaseRiphabhuliki YaseNingizimu Afrika) kanye nesimo nemicikilisho mayelana nendlela afuna ukwaziswa ngayo ngesinqumo, uma ocelayo efuna ukwaziswa nangenye indlela ngaphezu kokubhalelwa; kanye
- Nelungelo lowo ocelayo afuna ukulisebenzisa noma ukulivikela kanye nencazelo yesizathu sokufuna irekhodi ukuze asebenzise noma avikele lelo lungelo.

7. IZIMALI EZIKHOKHWAYO

Lapho kudingeka khona ulwazi (ngaphandle kwalapho umuntu ezicelela yena qobo):

7.1. Ocelayo kudingeka akhokhe imali ebekiwe (R50,00) ngaphambi kokuba isicelo sisingathwe;

7.2. Uma ukuhlela irekhodi eliceliwe kudinga amahora angaphezu kwalawo abekiwe (isithupha), kumele kukhokhwe idiphozi (engengaphezu kwengxenye eyodwa kwezintathu zemali ekhokhelwa irekhodi uma isicelo sivunywa;

7.3. Ocelayo angafaka isicelo enkantolo sokuphikisa ukukhokha imali efunekayo kanye/noma idiphozi;

7.4. Amarekhodi angase agodlwe kuze kukhokwe lezo zimali.

Uhlelo lwezimali ezikhokhwayo luyatholakala kuwebhusaythi yeKhomishani Yamalungelo Esintu ENingizimu Afrika ku-www.sahrc.org.za . (Ikhophi yohlelo lwezimali ezikhokhwayo lwangesikhathi kuhlelwa leli Bhukwana ifakiwe emuva kwalo leli Bhukwana, kodwa labo abacela ulwazi bakhonjwa ohlelweni lwezimali olungolwamuva olukuwebhusaythi eseyishiwo ngenhla.)

IFOMU C

ISICELO SOKUTHOLA IREKHODI LOMUNTU LANGASESE

(Ingxenye 53(1) YoMthetho Oqokomisa Ukutholakala Kolwazi, 2000

(UMthetho Ongunombolo 2 Ka-2000)

[Umthetho 10]

A. Imininingwane yofaka isicelo

INhloko:

B. Imininingwane yomuntu ocela irekhodi

(a)	Imininingwane yomuntu ocela irekhodi kumele ivezwe lapha ngezansi.
(b)	Ikheli kanye/noma inombolo yefeksi yaseRiphabhuliki lapho kumele kuthunyelwe khona irekhodi.
(c)	Ubufakazi bokuthi isicelo senziwa egameli likabani, uma kudingeka, kumele sifakwe lapha.

Amagama aphelele nesibongo:

Inombolo kamazisi:

Ikheli leposi:

Inombolo yefeksi:

Inombolo yocingo: Ikheli le-imeyli:

Igama icelo esenziwa egameni lalo, uma senzelwa omunye umuntu:

C. Imininingwane yomuntu ofakelwa lesi sicelo

Le ngxenye kumele igcwaliswe *KUPHELA* uma isicelo *serekhodi* senzelwa *omunye* umuntu.

Amagama aphelele nesibongo:

Inombolo kamazisi:

D. Imininingwane yerekhodi

(a) Nikeza imininingwane egcwele yerekhodi elicelwayo, usho nenombolo yalo uma uyazi, ukuze irekhodi litholakale kalula. (b) Uma isikhala sokubhala singenele, sicela ubhale kwelinye ikhasi bese ulihlanganisa naleli fomu. Ocelayo kumele awasayine wonke amakhasi anezelwe.

1 Incazelo yerekhodi noma ingxenye yerekhodi edingekayo:

2 Inombolo yerekhodi, uma ikhona:

3 Nanoma yimiphi eminye imininingwane yerekhodi:

E. Izimali ezikhokhwayo

(a) Isicelo sokuthola irekhodi, *ngaphandle* kwerekhodi eliqukethe imininingwane yakho siqu, siyohlaziywa kuphela ngemva kokukhokhwa kwemali yesicelo. (b) *Uyokwaziswa* ukuthi imalini okufanele ikhokhelwe isicelo. (c) Imali ekhokhelwa ukuthola irekhodi incike *ohlotsheni* irekhodi *elifuneka ngalo* nasesikhathi esinengqondo *esidingekayo* ukuze kucingwe futhi kuhlelwe lelo rekhodi. (d) Uma ufanelekela ukungakhokhi lutho, sicela usho isizathu salokho.

Isizathu sokungakhokhi mali:

F. Uhlobo lwerekhodi

Uma ngenxa yokukhubazeka ungakwazi ukufunda, ukubona noma ukulalela irekhodi kwenye yezinhlobo ezine lapha ngezansi elitholakala ngazo, yisho ukukhubazeka kwakho futhi usho ukuthi ulifuna ngaluphi uhlobo irekhodi.

Ukukhubazeka: Uhlobo olufunekayo lwerekhodi:	Uhlobo olufunekayo lwerekhodi
Faka u-X ebhokisini elifanele. AMAPHUZU: (a) Ukutholakala kwerekhodi ngohlobo olucelile kungase kuncike ohlotsheni irekhodi elitholakala ngalo. (b) Ukutholakala kwerekhodi ngohlobo oluceliwe kungase kwenqatshwe kwezinye izimo. Lapho lokhu kwenzeka, uyokwaziswa uma uyovunyelwa ukulithola ngolunye uhlobo. (c) Imali ekhokhelwa ukuthola irekhodi, uma ifuneka, iyonqunywa ngokwengxenye wuhlobo lwerekhodi eliceliwe.	

1. Uma irekhodi liwuhlobo olubhaliwe noma oluprintiwe:					
	ikhophi yerekhodi*		ukuhlolwa kwerekhodi		
2. Uma irekhodi liyizithombe lokhu kuhlanganisa izithombe ezishuthiwe, ama-slide, amavidiyo, izithombe ezenziwe ngekhompyutha, imidwebo, njll.)					
	bheka izithombe		ikhophi yezithombe”		incazelo yezithombe*
3. Uma irekhodi lingamazwi aqoshiwe noma lokho okukulo kungaguqulelwa enkulumweni:					
	lalela amazwi aqoshiwe ekhasethini lomsindo		umbhalo wamazwi aqoshiwe* idokhumenti ebhaliwe noma eprintiwe		
4. Uma irekhodi lisekhompyutheni noma lisemshinini wezobuchwephese noma lingafundeka ngawo:					
	ikhophi yerekhodi eprintiwe*		ikhophi eprintiwe yolwazi oluthathwe erekhodini"		kopisha uhlobo olufundeka ngekhompyutha* (kwi-stiffy noma i-CD)

'Uma ucele ikhophi noma umbhalo wamazwi aserekhodini (ngenhla), ingabe ufuna ukuba leyo khophi noma lowo mbhalo wamazwi ukuposelwe? Ukuposa kuyakhokhelwa.	YEBO	CHA

G Imininingwane yelungelo elizosetshenziswa noma elizovikelwa

Uma isikhala sokubhala singenele, sicela uqhubekele kwelinye ikhasi bese ulihlanganisa neleli fomu. Ocelayo kumele awasayine wonke amakhasi anezelwe.

1. Bonisa ukuthi yiliphi ilungelo elizosetshenziswa noma elizovikelwa:

2. Chaza ukuthi kungani irekhodi eliceliwe lidingeka ukuze kusetshenziwe noma kuvikelwe ilungelo elishiwo ngenhla:

H. Isaziso ngesinqumo mayelana nesicelo sokuthola irekhodi

Uyokwaziwa ngokubhalelwa ukuthi isicelo sakho sigunyaziwe yini noma senqatshiwe. Uma ufuna ukwaziswa ngenye indlela, sicela uyisho leyo ndlela futhi ulethe nemininingwane edingekayo ukuze kwenziwe ngokwesicelo sakho.

Ukhetha ukwaziswa kanjani ngesinqumo mayelana nesicelo sakho sokuthola irekhodi?

Kusayinelwe e-…… Mhlaka-……. ngenyanga ka-
……20

ISIGINISHA YOCELAYO/YOMUNTU

OFAKELWA LESI SICELO